Izintshumayelo zokuSAbenzelana ekuZwaneni

52/2015 Intshumayelo ngesonto 20 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 18. 10. 2015

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-Mika 6:8 , lithi: "**Ukutshelile, muntu, okuhle: uJehova ufunani kuwe, kungabi-ngukwenza ukulunga kuphela nokuthanda umusa. Uhambe noNkulunkulu wakho ngokuthobeka, na?**

1. Iculo 339/261

2. **Umkhuleko:** Nkosi, singcwelise ngeqiniso lakho; iZwi lakho liyiqiniso. Amen

3. IZwi leTestamente elidala lilotshiwe Ku-Gen.8:18-22;

   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Thes. 4:1-8;

   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe ku-Marku 1:32-39.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulnkulu uYise ...

5. Iculo 340/262

6. Umkhuleko wofundayo intshumayelo

7. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-Marku 10, 2-9, lithi: Kwase kusondela kuye abaFarisi, bambuza ukuthi kuvunyelwe yini ukuba indoda ilahle umkayo, bemlinga. Waphendula, wathi kubo: UMose waniyala ngokuthini na? Bathi: UMose wavuma ukuba kulotshwe incwadi yesahlukaniso, alahlwe. UJesu wayesethi kubo: Ngenxa yobulukhuni benhliziyo yenu wanilobela lowomyalo. Kepha kusukela ekuqaleni kokudalwa uNkulunkulu wabenza owesilisa nowesifazane. Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labo ababili bayakuba-nyamanye; ngakho abasebabili, kepha sebenyamanye. Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu makungahlukaniswa ngumuntu. Amen.

8. Intshumayelo: Bandla leNkosi, ekuqaleni, isono singakangeni ezweni, uNkulunkulu wamisa umshado, sifunda Gen.2: UNkulunkulu wathi: Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa. Ngizakumenzela umsizi onjengaye. UNkulunkulu wamehlisela umuntu ubuthongo obunzima, walala; wayesethatha olunye lwezimbambo zakhe, wavala indawo ngenyama. Wakha owesifazane ngobambo abeluthathile kumuntu, wamyisa kumuntu. Wayesethi

umuntu: Lo useyithambo lamathambo ami nenyama yenyama yami; uyakubizwa ngokuthi indodakazi, ngokuba uthathwé endodeni. Ngalokho indoda iyakushiya uyise nonina, inamathele kumkayo; bayakuba-nyamanye. Babehamba-ze bobabili, u-Adamu nomkakhe, bengenamahloni. Lendaba yamahloni yavela ngasemuva, mhla babewela esonweni.

UNkulunkulu wasimisela isimiso sakhe esingcwele somshado, sokuhlalisana kwababili egameni lakhe kubekhona yena phakathi kwabo, kwande umndeni, lwandise uhlanga lwabantu. Siyakhumbula isimangaliso sokuqala sikaJesu esivela emshadweni. Lokho ukuqala kwezibonakaliso wakwenza uJesu eKana laseGalile ebonakalisa inkazimulo yakhe; abafundi bakhe bakholwa nguye. Futhi uJesu ufanisa umbuso wezulu nedili elihle lomshado. Kanjalo uMdali wethu uyasifundisa, usidonsa ukuthi kwelizayo uzosimisela edilini lomshado wezulu, lapho sizobonana khona ubuso nobuso noMsindisi wethu uJesu Kristu, sizohlalisana khona kanye nabangcwele bonke, kanye nezingelosi zonke. Njengoba namanje usiphile idili lakhe elingcwele phambi kwe-Altare lapho sidle, siphuze impilo nenduduzo, intethelelo nethemba, intokozo namandla amasha okwakha nokuphatha kahle umuzi wethu lapha phansi.

Siphila emhlabeni phakathi komshado wokuqala eEden nomshado wokugcina okungapheliyo lé kwelizayo eParadisi. UNkulunkulu ungipha umuntu omuhle, oqotho, othembekileyo engimthandayo ongithandiyo ukuba sobabili siye khona, silekelelane yokuya ezulwini, sihloniphane endleleni kulesisikhathi samanje umzimba nomphefumulo, singaziphakamisi omunye phezu komunye, kodwa sithobelane, sihawukelelane, sithethelelane, silekelelane, siqinisane. Mina angibusi phezu komzimba wakho, wena awubusi phezu komphefumulo wami. Siyahloniphana kodwa sobabili njengezidalwa zikaBaba wethu osezulwini. Yena ube owesithathu emshadweni wethu. UNkulunkulu uzosibuza lé kwelizayo: Uphi umkwenyane wakho? Uphi unkosikazi wakho na?

Yebo, siyabuzwa ukuthi, we nina, enishadile ubani ungowesithathu emzini wenu na? Amandla okuphatha umshado othembekileyo, omuhle, oqotho avela kuMdali. Isibusiso sakhe siyakha umuzi, hhayi ukuhlakanipha kwethu., noma kudigekile ukuzicela ukuhlakanipha ukuba siziphathe kahle ekugananeni Uma sidelela ngamabomu uasizo nesibusiso sakhe phezu kwekhaya lethu, ukudabuka kuzongqongqotha emnyango. Uma singafuni usizo nesibusiso sakhe, ukungazwani kuzoqala phakathi kwethu thina-bazali, kuqhubeke kuze kuhlukanise abazali nabantwana. Uma singasweli isibusiso seNkosi

sizoxabana, sizoshayana, sizophonsa amehlo ethu kwabanye, sizokulwa size sidivosa. Ukudivosa kuqala kanje, ngokuzithanda nomona nokukhanuka. Kusala izinhliziyo ezilukhuni eziklebule, nabantwana abakhalayo. Wonk' umuntu walomuzi ochithiweyo udabukile. Lokhukudabuka okudala kuzosiphelekezela nomaphi lapho siya khona. Isono siyadabukisa. Umthetho waso.

Kusala imilanjwana nezintandane. Kanti abantwana bethu baswela izandla ezimbili: Isandla sothando sikamame nesandla esinamandla sikababa. Uma isandla sinye singasekho, uma lezizandla zingasekho kuvama kushiywa umuntu omusha ogcina kabi. Siyafunda iHubo 127: Bheka abantwana bayifa elivela kuJehova, isithelo sesisu singumvuzo. Sikhohliwe yilokhu na? Njengemicibisholo esandleni seqhawe banjalo abantwana bobusha. Singasakhumbuli yilokhu na? Ibusisiwe indoda emgodla wayo ugcwele bona; abayikujabha lapho bekhuluma nezitha zabo esangweni. Sesikhohliwe konke lokhu na? UNkulunkulu usipha abantwana bethu ukuba sibakhombise indlela yokuya ezulwini. Uzosibuza lé kwelizayo: Baphi abantwana benu na? UNkulunkulu usipha abantwana ukuba basithwale ngesikhathi sokuguga kwethu. Uzobabuza lé kwelizayo: Baphi abazali benu na? Njengabazali asingabi abaninikazi babantwana bethu. UNkulunkulu ungumninikazi wabo, ungumninikazi wabo bonke, owakho nowami.

Uthatha umuntu owesilisa nowesifazane ukuba basizane kulemfundo. Wena uyisipho sikaNkulunkulu sokungisiza. Mina ngiyisipho sikaNkulunkulu sokukusiza wena. Kepha kusukela ekuqaleni kokudalwa uNkulunkulu wabenza owesilisa nowesifazane. Ngenxa yalokho umuntu uyakushiya uyise nonina, anamathele kumkakhe; labo ababili bayakuba-nyamanye; ngakho abasebabili, kepha sebenyamanye. Ngakho-ke lokho akuhlanganisileyo uNkulunkulu makunga-hlukaniswa ngumuntu. Siyezwa lemfihlakalo na? UNkulunkulu uhlanganisa abantu ababili ukuba babe-yisidalwa sinye esisha, labo ababili bayakuba-nyamanye; ngakho abasebabili, kepha sebenyamanye. Wena nomkakho isidalwa esisha. Mina nomkami umuntu omusha. Wena nomkwenyane isidalwa esisha, esihle, sinye soMdali wenu. Ningamniki uSathane indawo, ofuna ukuchitha nokubulala lobubunye obuhle. Ningayenzi lukhuni izinhliziyo zenu, ngoba lokhu akuveli kuNkulunkulu, kodwa kuvela kuSathane ozonda isimiso somshado, ozonda abantu ababili abahambisana nganhliziyonye kulokhu kuphila yokuya ezulwini.

Kwase kusondela kuye abaFarisi, bambuza ukuthi kuvunyelwe yini ukuba indoda ilahle umkayo, bemlinga. Waphendula, wathi kubo: UMose waniyala ngokuthini na? Bathi: UMose wavuma ukuba kulotshwe incwadi yesahlukaniso, alahlwe. UJesu wayesethi kubo: Ngenxa yobulukhuni benhliziyo yenu wanilobela lowomyalo. Intando yoMdali ifuna ukuba sithwalisanane, sigcwalisane kube khona isaneliso, sicebisane umzimba nomphefumulo, ngokomoya nomzimba, sibe-munye kanjalo. Abukho ubunye obupheleleyo obufana nabo obukhona phakathi kowesilisa nowesifazane abashadile lapha emhlabeni. Siyagwenezelana kanjalo: amandla ethu, iziphiwo zethu, inhlanhla yethu. IBhayibheli lethu liyakhuluma ngokwazi. U-Adamu wamazi umkakhe u-Eva; wakhulelwa, wazala uKayini, wathi: Ngitholile indoda kuJehova. Ngiyakwazi wena, uyangazi mina, sobabili siyamazi uMdali wethu; Yena uyasazi thina. Ngicela, ngikwamukela intethelelo kuwe; wena ucela, ukwamukela intethelelo kimi; sobabili sicela sikwamukela intethelelo kuMsindisi wethu uJesu Kristu, sinqobe kanjalo ubulukhuni benhliziyo yethu, sibe-nothando nomusa nobubele, sibe nenhlanhla, yebo, sibe-nensindiso. Amen.

9. Umkhuleko: Baba osezulwini, sibonga umusa wakho omkhulu, wena omisele umlisa nowesifazane ukuganana, wababusisa ngalesisimiso sakho esingcwele. Sibusise ngezibusiso zomoya nezomzimba. Sigcwalise ngothando lwakho, sihlalisane ngokuthula, size sihlangane kuwe ekhaya laphakade. Amen.

10. Iculo 341/263

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloza izinhlizo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu iNkosi noMsindisi wethu, Amen

Lentshumayelo ilotshiwe ngomnyaka ka-2015 ngu-K. G. Tiedemann

Ukucindezelwa nokuthunywa kwalezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangno ethiwa: Lutheran Heritage Foundation